INQUBOMGOMO YOLIMI

Igama lombhalo	Inqubomgomo Yolimi
Isetshenziswa	Umlamuli we-FAIS
Ukuze yamukelwe	IKomiti Lezingozi
Usuku lokugunyazwa le EXCO	Febhuwari 2023
Yakhiwe yi-	Umphathi Wethimba Lezixazulo
Izobuyekezwa	Febhuwari 2025

QAPHELA:

Umuntu osebenzisa imibhalo noma imininingo yeHhovisi loMlamuli we-FAIS Ombud ufanele azi ngobungozi obukhona:

a) Ekusabalaliseni imibhalo noma imininingo ngaphandle kokugunyazwa okufanele; futhi
b) Nasekungasebenzisi imibhalo noma imininingo njengoba kugunyaziwe noma kuhlosiwe.

Umnikazi wombhalo

Igama:	Isikhundla
John Simpson	Umlamuli we-FAIS

Umbhalo unconywe ngu-

Igama:	Isikhundla
Marc Alves	Umphathi Wethimba Lezixazulo

Ukulawulwa kohlobo nokufinyezwa kwezinguquko

Inombolo	Description of Changes
1.0	Inqubomgo esasetshenzwa okokuqala
1.2	- Imininingwane yabasebenzi ebuyekeziwe - Kufakwe izincazelo kanye nokubhekiselwa ku-: Khomishana, kwi-EXCO, Ekutolikeni, Kubuliminingi, Kwinqubomgomo kanye Nokuhumusha. - Isigaba sesi-4 esisha - Kushintshwe “Isikhungo Sezicingo” kwafakwa “Isikhungo Sokunakekelwa Kwabathengi”

- Kushintshwe “Isikhungo Socingo” kwafakwa “Isikhungo Sokunakekela Abathengi”

Izobuyekezwa eminyakeni emibili

Ithebula Lokuqukethwe

1. Isendlalo…… 5
2. Inhloso…… 5
3. Izincazelo…… 5
4. Uhlobo Lomsebenzi Womlamuli we-FAIS…… 7
5. Ubukhulu…… 7
6. Isitatimende senqubomgomo…… 7
7. Imigomo…… 8
8. Izilimi Ezisemthethweni Zomxazululi Wezikhalazo Ze-FAIS…… 9
9. Ukusungulwa koPhiko Lomsebenzi Wezilimi…… 12
10. Ukuqeqeshwa kanye Namakhono……12
11. Ukushicilelwa kanye nokufinyeleleka kwinqubomgomo …… 12
12. Inkambiso Yezikhalazo…… 12
13. Inqubo Yokufaka Izikhalazo ……12
14. Umnikazi Wenqubomgomo …… 13
15. Umxhasi …… ……13
16. Okuxhunyanwa Naye ……13
17. Ukwamukelwa…… 14
18. Ulwazi Oluhlobene…… 14
19. Imithelela Yezezimali…… 14
20. Ukushiya Ngaphandle…… 14
21. Isicelo Sokuchezuka kule Nqubomgomo…… 14
22. Isexwayiso…… 14

1. Isendlalo

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika (wase-RSA) wonyaka we-1996 wamukela izilimi ezisemthethweni eziyi-11, okungukuthi isiNgisi, isiBhunu, isiTshivenda, isitsonga, isiPedi, isiTswana, isiSotho, isiZulu, isiXhosa, isiNdebele nesiSwati; wazisa ukusetshenziswa okuphelayo kanye nesimo sezilimi zendabuko futhi udinga ukuba umbuso uthathe izinyathelo ezibonakalayo nezisebenzayo zokukhuphula izinga kanye nokuthuthukiswa kokusetshenziswa kwezilimi zendabuko. UMthethosisekele uphinde futhi udinge ukuba zonke izilimi ezisemthethweni zijabulele ukuhlonishwa ngokulingana futhi ziphathwe ngokulinganayo.

Kuze kube manje, uMthetho WeziLimi usumenyezelwe ukuze kukhuthazwe ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ekuxhumaneni namalungu omphakathi, ukuhlinzekela ukulawulwa kanye nokuqashwa kokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni nguhulumeni kazwelonke ezisebenzisela izinhloso zikahulumeni, ukuze kudingeke ukuthi kwamukelwe inqubomgomo yezilimi ngumnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukazwelonke kanye nayinkapani kazwelonke kahulumeni futhi nokusungulwa kophiko lwezilimi lomnyango kazwelonke, lohlaka lukazwelonke lukahulumeni kanye nayinkapani kazwelonke kahulumeni.

UMthetho usebenza kuzo zonke izinhlaka zikazwelonke zikahulumeni. UMlamuli we-FAIS uwuhlaka lukazwelonke lukahulumeni, efakwe ohlwini loMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi wonyaka we-1999. Le Nqubomgomo yakhiwe uMlamuli we-FAIS ngokuhambisana nemibandela yoMthetho.

2. Inhloso

Inhloso yale Nqubomgomo wukucacisa ukuthi uMlamuli we-FAIS uzowuthobela kanjani noMthetho, futhi asebenzise izilimi ezisemthethweni ukuthuthukisa izinsiza kumalungu omphakathi wonkana ezikhungweni ezilawulwayo.

3. Izincazelo

“isiPhathimandla Esiphendulayo" sisho uKhomishana we-FSCA;

“iNhloso Yomsebenzi” isho ukwenzela inhloso yokuxazulula izikhalazo ngokoMthetho we-FAIS;

“uKhomishana” usho uKhomishana we-FSCA.

“oKhalazayo” usho nanoma yimuphi umuntu ofanelekayo ukuba ngokhalazayo ngokwesahluko sama-26(1)(a)(ii) soMthetho we-FAIS;

“uMthethosisekelo” usho uMthethosisekelo waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996;

"i-EXCO" isho iKomidi Eliphezulu loMlamuli we-FAIS.

“uMthetho we-FAIS” usho uMthetho Wokwelulekwa Ngezezimali kanye Nezinsizakalo Zezezimali wama-37 wonyaka we-2002.

“i-FAIS Ombud” ichaza iHhovisi Lomlamuli Wabahlinzeki Bezinsizakalo Zezezimali.

“i-FSCA” isho isiPhathimandla Sokuziphatha Kwemboni Yezezimali, isazimthetho esisungulwe ngokwesahluko sama-56 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017;

“iNhloso Kahulumeni” isho ukwenzela inhloso yokuxhumana nezinye izikhungo zikahulumeni;

"ukuTolika" kusho, ngokuphathelene namazwi omlomo, ukuguqulela inkulumo yolimi olulodwa isiwe kwinkulumo yolunye ulimi futhi, ngokuqondene nenkulumo yezandla, kusho ukuqulela kolimi lwezandla lusiwe olimini olukhulunywayo kanye nangenye indlela nxazonke, uku- **"-tolika"** kunencazelo efanayo;

“uMthetho Wezilimi” usho uMthetho Wokusetshenziswa kwezilimi Ezisemthethweni uMthetho we-12 wonyaka we-2012;

"uLimi Lwerekhodi" lusho ulimi olusemthethweni olukhethiwe ukuba lusetshenziselwe ukugcina kwamarekhodi noma ukugcinwa kwawi kwingodlamagugu noma ukugcinwa kwawo nguMlamuli we-FAIS.

“uPhiko Lwezilimi” lusho uphiko lwezilimi olusungulwe ngokweSahluko sesi-7 soMthetho;

“uBuliminingi” busho ukusetshenziswa kwezilimi ezintathu noma ngaphezulu ngumuntu oyedwa noma iqembu labantu;

"uLimi Olusemthethweni" lusho ulimi olusemthethweni oluhlongozwe eSahlukweni sesi-6 (1) soMthethosisekelo.

"iNqubomgomo" isho le nqubomgomo Yezilimi.

"Ukuhumusha" kusho ukudluliselwa kombhalo usuka kolunye ulimi uyiswe kolunye, "-humusha" enencazelo efanayo;

4. Uhlobo Lomsebenzi Womlamuli we-FAIS

IHhovisi Lomlamuli Wabahlinzeki Bezinsizakalo Zezezimali (uMlamulo we-FAIS Ombud) lasungulwa ngokoMthetho Wezeluleko Zezezimali kanye Nezinsizakalo Zezezimali wama-37 wonyaka we-2002 ('uMthetho we-FAIS'). Izinhloso zoMlamuli we-FAIS:

4.1 Ukucubungula futhi nokuvala izikhalazo ngendlela yenqubo enobulungiswa, engakahlelekile, engabizi, nesheshayo, futhi ngokubhekisela kulokho okulungile kuzo zonke izimo.

4.2 Ukuthuthukisa ukuvikelwa kwabathengi futhi nokuba negalelo ekuthembekeni kwemboni yezinsizakalo zezezimali ngokuxazulula izikhalazo ngendlela engachemi, engabizi, efinyelelekayo futhi, ngazo zonke izikhathi, enokulingana.

4.3 Ukunikeza usizo enobulungiswa noluhloniphekile ukuze kuqinisekiswe ukuthi amakhasimende ezezimali ayakwazi ukufinyelela futhi ayakwazi ukusebenzisa ezinye izinqubo ezingabizi kuzikhalazo .

5. Ubukhulu

Le nqubomgomo isebenza kubo bonke abasebenzi boMlamuli we-FAIS kanye nakunoma ubani owenza umsebenzi egameni loMlamuli we-FAIS.

6. Isitatimende Senqubomgomo

Le Nqubomgomo imisiwe yisahluko sesi-4 soMthetho Wezilimi, ngale ndlela elandelayo:

6.1 Isahluko sesi-4(1) sihlinzekela ukuthi yonke iminyango kazwelonke, izinhlaka zikahulumeni kazwelonke kanye nezinkampani zikazwelonke zikahulumeni zifanele zamukele inqubomgomo yezilimi ngokusebenzisa kwazo izilimi ezisemthethweni.

6.2 Isahluko sesi-4(2) sihlinzeka ukuthi inqubomgomo yezilimi eyamukelwe ngokwesahlukwana soku-(1) ifanele:

6.2.1 iphawule okungenani izilimi ezintathu ezisemthethweni umnyango kazwelonke, uhlaka lukazwenke lukahulumeni noma inkampani kazwelonke kahulumeni ezozisebenzisa izisebenzisele izinhloso zikahulumeni;

6.2.2 ichaze ukuthi izilimi ezisemthethweni zizosetshenziswa kanjani ngempumelelo ekuxhumaneni nomphakathi, kwizaziso ezisemthethweni, kokushicilelwe kukahulumeni kanye nasekuxhumaneni okuphakathi kohulumeni;

6.2.3 ichaze indlela umnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inkampani kazwelonke kahulumeni ezoxhumana ngayo ngempumelelo namalungu omphakathi olimi lwawo ulimi alukhethayo okungelona olunye lwezilimi ezisemthethweni, noma limi olukhethayo wuLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika;

6.2.4 ichaze ukuthi amalungu omphakathi angakwazi kanjani ukufinyelela kwinqubomgomo yezilimi;

6.2.5 ihlinzeke ngezinqubo zokukhalaza ukuze amalungu omphakathi afake izikhalazo mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ngumnyango kazwelonke, wuhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inkampani kahulumeni kazwelonke;

6.2.6 ishicilelwe kwiGazethi ngokushesha ngokunokwenzeka kepha kungakapheli izinsuku ezingama-90 zokwamukelwa kwayo.

7. IMIGOMO

7.1 Imigomo esekela le Nqubomgomo yilena:

7.1.2 Ukuthatha izinyathelo zokuphakamisa izinga kanye nokuthuthukiswa kokusetshenziswa kwezilimi zendabuko.

7.1.3 Ukuzibophezela ekuthuthukisweni kwazo zonke izilimi eRiphabhulikhi ukuze kuqinisekiswe ukuhlonishwa okufanayo kanye nokuphathwa ngokulinganayo kwezilimi ezisemthethweni ezidingekayo ngesikhathi sethu sentando yeningi;

7.1.4 Ukwamukelwa kobuliminingi njengensiza yokwandisa ubudlelwano bokusebenzisana ekwakheni isizwe, ekuthuthukisweni komnotho kanye nasekubunjweni komphakathi;

7.1.5 Ukukhuthazwa kokuphathwa kahle kolimi nguMlamuli we-FAIS ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa kwemisebenzi yomphakathi ngendlela eyimpumelelo ehlangabezana nezidingo zomphakathi futhi iqinisekise ukufinyeleleka ngokulinganayo ezinsizeni kanye nasolwazi loMlamuli we-FAIS;

7.1.6 Ukuvinjelwa kokusetshenziswa kwanoma yiluphi ulimi ngezinhloso zokuxhaphaza, ukubusa kanye nokucwasa ngaphakathi kuMlamuli we-FAIS.

8. IZILIMI EZISEMTHETHWENI ZOMLAMULI WE-FAIS

8.1 Ukwamukelwa kwezilimi ezisemthethweni nguMlamuli we-FAIS

8.1.1 UMthetho udinga ukuthi uMlamuli we-FAIS amukele inqubomgomo yezilimi ehlonza okungenani iziLimi Ezisemthethweni ezi-3 (ezintathu) uMlamuli we-FAIS azozisebenzisela "izinhloso zikahulumeni". Lokhu kubhekisa ezilimini okufanele zisetshenziswe ikakhulu uma kuxhunyanwa namalungu omphakathi;

8.1.2 Ekuhlonzeni izilimi ezisemthethweni, uMlamuli we-FAIS phakathi kokunye uyalelwe ukuthi acabangele ukukhuthazwa kwezilimi zomdabu ezazishiywe ngaphandle phambilini;

8.1.3 Ekunqumeni ukuthi yiziphi izilimi ezisemthethweni okufanele zisetshenziswe, uMlamuli we-FAIS uzoholwa yilezi zinto ezilandelayo:

8.1.3.1 Ukusebenziseka.

8.1.3.2 Izindleko ezihlobene.

8.1.3.3 Indawo ngokwezwe.

8.1.3.4 Izintshisekelo zomphakathi kanye/noma iqembu elithile eliqondiwe; kanye

8.1.3.5 Nokukhona koMlawuli we-FAIS.

8.1.4 Yize uMlamuli we-FAIS ezamukela zonke izilimi ezisemthethweni zeRiphabhulikhi, lezi zilimi ezilandelayo zamukelwe:

8.1.4.1 **IsiNgisi** (uLimi lokuxhumana)

8.1.4.2 Eqenjini lezilimi zesiNguni (isiZulu, isiNdebele, Siswati kanye nesiXhosa), **isiZulu** samukelwe;

8.1.4.3 Eqenjini lezilimi zabeSotho (iSetswana, iSepedi, neSesotho), **isiTswana** samukelwe;

8.1.4.4 **IsiVenda;** olunye lwezilimi ebezincishwe amathuba phambilini okungekho ngaphansi kweqembu lezilimi elithile samukelwe; futhi

8.1.4.5 **IsiBhunu;** olunye lwezilimi ezingekho ngaphansi kweqembu lezilimi, samukelwe.

8.1.5 UMlamuli we-FAIS uzoqinisekisa ukuthi usebenzisa izilimi ezishiwo ku-8.1.4 ekushicilelweni okusemthethweni.

8.2 Ukusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni nguMlamuli we-FAIS:

8.2.1 Incazelo yokuthi yiziphi izilimi ezizosetshenziselwa zisetshenziselwe izinhloso zomsebenzi kanye nokuxhumana namalungu omphakathi, kanye nendlela lezo zilimi ezizosetshenziswa ngayo, ichazwe lapha ngezansi.

8.2.2 Izinhloso Zebhizinisi

UMlamuli we-FAIS wamukela isiNgisi njengolimi olukhulu lokuxhumana kanye nolimi lwamarekhodi ukwenzela izinhloso zebhizinisi –

8.2.2.1 ukuxhumana nababambiqhaza bakhe abehlukene ngokuhambelana nokugunyazwa kwakhe nezinqumo ezithathiwe;

8.2.2.2 mayelana nokuxhumana kwangaphakathi kuMlamuli we-FAIS; futhi

8.2.2.3 mayelana nokuxhumana kwayo neminyango kanye/noma nePhalamende ngoNgqongqoshe othintekayo.

8.2.3 Ezimeni lapho imibhalo okuhloswe ukuthi ikhiqizwe ngesiNgisi kuphela icelwe nganoma yiluphi olunye ulimi olusemthethweni ngaphandle kwesiNgisi, uMlamuli we-FAIS uzokwenza izinguqulelo ezihunyushwe kafushane zibe khona, kuye ngokwemibandela eshiwo ku-8.1.3 ngenhla.

8.2.4 Izinhloso zomsebenzi

UMlamuli we-FAIS uzosebenzisa isiNgisi kanye nezilimi ezisemthethweni ezibalulwe ku-8.1.4 ngenhla ngesimo ngasinye ezisebenzisela lezi zinhloso ezilandelayo:

8.2.4.1 Ukuxhumana namalungu omphakathi, ngomlomo nangokubhaliwe - okungukuthi, phakathi kokunye, izaziso nezimemezelo zomphakathi,

izimpawu zolwazi zomphakathi, izimpawu ezihlonza izakhiwo nezinsiza (izinguqulelo ezifingqiwe uma kuyimibhalo yomsebenzi);

8.2.4.2 Ukuxhumana nabezindaba (isib., okugayiwe, umsakazo, umabonakude, isizindalwazi) - kuye ngenjongo nenkundla.

8.2.4.3 Okushicilelwe nezincwadi ezisemthethweni.

8.2.4.4 Eminye imisebenzi yokubandakanya ababambiqhaza; futhi

8.2.4.5 Nokubonisana kanye nezinye izinqubo ezisemthethweni.

8.2.5 Ukuqwashisa kwabathengi

UMlamuli we-FAIS uzothatha izinyathelo ezifanele neziphusile ukuqinisekisa ukuthi uqhuba imihlangano yokuqwashisa abathengi ngezilimi eziningi ezisemthethweni kubhekwa ulimi oluthandwa umphakathi othamela imihlangano enjengalena, kanye nemithelela yezindleko yazo.

8.2.6 Isikhungo Sokunakekelwa Kwamakhasimende

IsiKhungo Sokunakekelwa Kwamakhasimende se-FAIS sizozama ukuxhumana namalungu omphakathi ngezilimi eziningi zeRiphabhulikhi, kuncike emandleni eHhovisi LoMlamuli we-FAIS, njengoba kuhlongozwe ku-8.1.3 ngenhla.

8.3 Ukuhlinzekwa kwezinsizakalo ngolunye ulimi ngaphandle kweziLimi Ezisemthethweni ezikhethwe uMlamuli we-FAIS:

8.3.1 Lapho ilungu lomphakathi lifisa ukuthola izinsizakalo ngolimi olusemthethweni ngaphandle kwezilimi ezisetshenziswayo (isib. kokushicilelwe), lelo lungu liyokwazisa uMlamuli we-FAIS ngalesi sicelo, ngokumbhalela. UMlamuli we-FAIS uyokwenza amalungiselelo okuhlangabezana nesicelo esinjwngalesi esikhathini esingekho ngaphansi kwezinsuku ezingamashumi amathathu (30) zokusebenza ngemuva kokuthola isicelo.

8.3.2 Ezimeni zokuxhumana ngomlomo, njengemihlangano kanye nanoma yisiphi esinye isidingo sokutolikwa, isicelo sifanele senziwe ngokubhaliwe futhi

okungenani kusasele izinsuku ezingamashumi amathathu (30) zokusebenza ngaphambi kwalowo mcimbi.

8.3.3 Kungashaywa ndiva lokhu okushiwo ngenhla, izici ezishiwo ku-8.1.3 zifanele zibhekwe ekunqumeni ukuthi yiluphi ulimi olusemthethweni okufanele lusetshenziswe.

9. UKUSUNGULWA KOPHIKO LOMSEBENZI WEZILIMI

9.1 UMlamuli we-FAIS uthole ukukhululwa okudingekayo kokusungula uPhiko Lwezilimi njengoba kudingwa uMthetho.

9.2 Nakuba uMlamuli we-FAIS engeke asungule uPhiko Lwezilimi, leyo misebenzi izonikezwa uMsebenzi Omkhulu njengoba ehlonzwe nguMlamuli.

10. UKUQEQESHWA NAMAKHONO

Ukufeza ukusebenza ngempumelelo nangongobuchwepheshe kwale Nqubomgomo, umuntu othintekayo uyokweluleka ngokuqeqeshwa nokwakhiwa kwamakhono.

11. UKUSHICILELWA KANYE NOKUFINYELELEKA KWINQUBOMGOMO

11.1 Le Nqubomgomo izoshicilelwa ngezilimi ezihlonzwe ku-8.1.4 ngenhla.

11.2 Izotholakala kusizindalwazi soMlamuli we-FAIS (www.faisombud.co.za

11.3 Isifinyezo sale nqubomgomo siphanyekwa eHhovisi Lomlamuli we-FAIS ngendlela nasendaweni eyovumela ukuba ifundwe ngumphakathi.

11.4 Ukwengeza, izinguqulo eziphrintiwe zizotholakala ngezilimi ezihlonzwe ku-8.1.4 ngenhla, ezakhiweni zoMlamuli we-FAIS.

12. INKAMBISO YEZIKHALAZO

Nanoma yimuphi umuntu ongagculisekile ngesinqumo soMlamuli we-FAIS mayelana nokusebenzisa kwayo izilimi ezisemthethweni angafaka isikhalazo ngokubhaliwe asiqondise kuMlamuli.

12.1 Isikhalazo sifanele sifakwe:

12.1.1 ngokubhaliwe,

12.1.2 zingakapheli izinyanga ezintathu zokuvela kwesikhalazo.

12.1.3 sisho igama, ikheli kanye nemininingwane yokuxhumana yomuntu ofaka isikhalazo.

12.1.4 sinikeze incazelo ephelele futhi nelandayo yesikhalazo.

12.2 UMlamuli noma usebenzi ophezulu esijutshwe uMlamuli angacela okhalazayo ukuthi alethe noma yiluphi olunye ulwazi oludingekayo ukuze kucutshungulwe isikhalazo futhi kuhanjelwe umhlangano ngenhloso yokwenza uphenyo ngomlomo ngesikhalazo.

12.3 UMlamuli, njengaku-12.1, uzocubungula isikhalazo bese ethatha isinqumo, kungakapheli izinyanga ezintathu (3) ngemuva kokufaka isikhalazo, futhi azise okhalazayo ngesinqumo.

13. INQUBO YOKUFAKA ISIKHALAZO

13.1 Okhalazayo onganelisekile ngesinqumo somuntu njengoba kuhlongozwe esigatshaneni se-12.2 sale Nqubomgomo angafaka isikhalazo kusiPhathimandla Esiphendulayo, onguKhomishana we-FSCA.

13.2 Isikhalazo esifakwe kusiPhathimandla Esiphendulayo sifanele siqondiswe kuKhomishana futhi sifakwe kungakapheli isikhathi esingangenyanga (1) sokutholwa kwesinqumo somuntu ohlongozwe esigatshaneni se-12.2 sale nqubomgomo.

13.3 Imibandela yesigatshana se-12.1.1, se-12.1.2, 12.1.3 kanye nese-12.1.4 sale Nqubomgomo zizosebenza ngokuguquguqukayo esikhalazweni esifakwe ngokwemibandela yesigatshana se-12 sale Nqubomgomo.

14. Umxhasi

Umxhasi nguMlamuli.

15. Umnikazi

UMnikazi unguMphathi Wethimba Lezixazululo

16. Okuxhunyanwa Naye

I-imeyili: marc@faisombud.co.za

Ucingo: 012 762 5000

17. Ukwamukelwa

INqubomgomo izobuyekezwa eminyakeni emibilu futhi izokwamukelwa yi-EXCO.

18. Ulwazi Oluhlobene

INqubomgomo ifanele ifundwe kanye nemihlahlandlela elandelayo esekelayo:

Imibhalo Yangaphandle:

Imemorandamu Yokusebenzisana phakathi kwe-FSCA kanye noMlamuli we-FAIS.

Izidingo Zokulawula:

UMlamuli we-FAIS wamukela ukubaluleka kokuthobela zonke izidingo zomthetho ezifanele njengoba zivezwe ku-FAIS Ombud's Regulatory Universe.

Ukubhekiselwa okuqondile kwenziwa:

- kuMthethosisekelo.
- eMthethweni Wezilimi.
- kwiZimiso ezenziwe ngokwesahluko se-13 soMthetho.

19. Imithelela Yezezimali

Ayikho imithelela eqondile yezezimali ekusebenziseni le Nqubomgomo, kodwa kungahle kube nemithelela yezezimali ephathelene nokuphrinta nokuhunyushwa kwenqubomgomo ngazo zonke izilimi ezisemthethweni.

20. Ukushiwa Ngaphandle

Akukho ukushiwa ngaphandle kule Nqubomgomo.

21. Isicelo Sokuchezuka kule Nqubomgomo

Ezimeni lapho izimo ezibonakalayo neziphoqelelayo zifaneleka ukuba kuchezukwe emibandeleni ethile yenqubomgomo, izethulo ezibhalwe phansi zizothunyelwa kuMlamuli oyoba negunya eliphelele lokuvumela leso sicelo, ngokuphelele noma ngengxenye, noma enqaba ngokufanayo.

22. Isexwayiso

Ukungathobeli noma yiziphi izidingo zomthetho ezisebenzayo nganoma yisiphi isenzo samabomu noma sobudedengu noma ukweqiwa, okubandakanya ukuvumela nanoma yimuphi umsebenzi, ngokusobala noma ngokusikisela, ukuba angazithobeli izidingo zomthetho

ezisebenzayo, kuyobhekwa njengento enomthelela omkhulu futhi kuyosingathwa ngokweSahluko se-51(1)(e)(i) se-PFMA kanye nenqubo nezinkambiso zoMlamuli we-FAIS zokuqondiswa kwezigwegwe. Lokhu akuvimbeli nanoma yisiphi esinye isenzo esingahle sihlinzekelwe ngokomthetho noma nanoma yiziphi izidingo ezisebenzayo zokulawula ukuba zingathathelwa isaphulamthetho.

Nanoma yikuphi ukungathotshelwa okuhlobene nale Nqubomgomo kanye noHlaka Lwenqubomgomo kuzobhekwa njengokubi futhi kungahle kuholele esinyathelweni sokuqondiswa kwezigwegwe ngokwezinqubo nezinkambiso zokuqondiswa kwezigwegwe.

Ukumukelwa Kombhalo

Igama:	**Isikhundla**	**Isiginesha**	**Usuku**
John Simpson	Umlamuli we-FAIS		